



UMASIPALA UMSUNDUZI

IMITHETHO KAMASIPALA EBHEKELE ABAHLWEMPU

UMASIPALA WENDAWO UMSUNDUZI

IMITHETHO KAMASIPALA EBHEKELE ABAHLWEMPU

UMasipala uMsunduzi usebenza ngokwesigaba 98 soMthetho Wezinhlelo Zomasipala: kuHulumeni Wendawo, wezi-2000 (uMthetho No. 32 wezi-2000), sifundwa nesigaba 13 sawo lo Mthetho, lapha ushicilela iMithetho kaMasipala ebekwe lapha ngezansi, njengalokhu yenziwe nguMasipala, leyo Mithetho kaMasipala izaqala ukusebenza ngosuku ezoshicilelwa ngalo.

OKUQUKETHWE

IZINHLINZEKELO EZIJWAYELEKILE

1. Izincazelo Zamagama
2. Inhloso yale mithetho kamasipala
3. Isinqumo somkhandlu maqondana nendlela yokuhlonza abahlwempu
4. Izindlela zokuhlunga isimo sabafanelekayo ukuthathwa ngokuthi bahlwempu
5. Izindlela zokuhlunga abafanelekayo
6. Intela kamasipala yezakhiwo/yomhlaba
7. Imindeni yabahlwempu ehlala ezikhungweni zasebethathe umhlalaphansi, ezezintandane kanye nezabanokukhubazeka
8. Ukushona komuntu ohlwempu
9. Ukunqanyulwa koxhaso lwabahlwempu
10. Ukwedluliswa kwesikhalo
11. Ukushicilelwa kwamagama abafakizicelo abafanelekayo
12. Izimali ezisakweletwa okwamanje
13. Irejista

1. Izincazelo Zamagama

Ngokwezinhloso zale mithetho kamasipala, nanoma yiliphi igama kumbe inkulumo enikezwe incazelo eMthethweni Wezinhlelo Zomasipala: kuHulumeni Wendawo, wezi-2000 (uMthetho No 32 wezi-2000) kumele ibe nencazelo efanayo, ngaphandle uma ingqikithi ikhomba okunye.

“**Izidingongqangi**” kusho, ngokwamazinga kanye nemithetho esebenzayo Kuzwelonke, izinga lanoma yimiphi imisebenzi kamasipala esemqoka ukuqinisekisa isithunzi sabantu kanye nempilo esezingeni elihle okuthi uma ingahlinzekwanga, kungenzeka kubeka impilo kanye nokuphepha komphakathi engcupheni ngokwemvelo kanti ngokwenhloso yale mithetho kamasipala kusho kuphela izidingo zokuhlinzekwa kukagesi, ukuthuthwa kwemfucuzo kanye nokuhlinzekwa kwamanzi.

“**ISikhulu Esiphezulu Sezezimali**” kusho umuntu ochazwe kanjalo ngokweSigaba 1 somthetho Wekuphathwa Kwemali kaMasipala, wezi-2003 (uMthetho No. 56 wezi-2003) kumbe nanoma ngubani

ogunyazwe ngokusemthethweni ukuba asebenze esikhundleni salowo muntu;

“UMkhandlu” noma “umkhandlu kamasipala” kusho umkhandlu kamasipala okukhulunywe ngawo esigabeni 18 soMthetho Wezinhlaka Zomasipala: kuHulumeni Wendawo we-1998 (uMthetho No.117 we-1998) kanti ngokwenhloso yale nqubomgomo, kusho umkhandlu kaMasipala uMsunduzi.

“Inqubomgomo yokuqoqwa kanye nokukhokhwa kwezikweletu” kusho inqubomgomo yomkhandlu evunyiwe futhi esebenzayo maqondana nokuqoqwa kanye nokukhokhwa kwezikweletu .

“Ikhasimende” kusho nanoma ngubani ohlala esakhiweni/emhlabeni lapho uMasipala evumile ukuhlinzeka khona izidingo kumbe lapho evele esehlinzeka khona izidingo kubantu abahlala khona, umnikazi wesakhiwo/womhlaba uyothathwa ngokuthi ngumuntu ohlala khona.

“Amakhaya aphethwe yizingane” kusho amakhaya okuhlala kuwo izingane zodwa ngenxa yokuthi sebashona bobabili abazali, zonke zingaphansi kweminyaka esemthethweni ukuthi zingakwazi ukusebenza, zithathwa ngokuthi zisencane ngokomthetho kaHulumeni futhi zihlinzekwa ngamanzi kanye/noma nogesi emitheni elilodwa. (amakhaya aphethwe yizingane avele athathwa ngokuthi ahlwempu ngaphandle uma kuvezwa obunye ubufakazi obehlukile)

“Isamba semali engenayo ekhaya” kusho isamba esihlanganisiwe sayo yonke imali engenayo ivela emithonjeni ehlukene, kubandakanya nanoma yisiphi isibonelelo sabo bonke abahlala kuleso sakhiwo.

“Abahlwempu” kusho abantu abanazo zonke izidingo njengalokhu kuchazwe emthethweni kamasipala wesi-4.

“i-akhawunti kamasipala” noma ukukhishwa kwencwadi yesikweletu” kusho indlela efanele nehlelekile yokwazisa ngokuthi kukhishwe isitatimende se-akhawunti sinikezwe labo bantu okulindeleke ukuthi bakhokhe imali ebizwa ngumasipala futhi ekhombisa imali okuyiyona okumele ikhokhwe kuleyo akhawunti, icacisa izindleko ezibizwe nguMasipala kumbe nanoma yimuphi ohlinzeka ngemisebenzi ogunyaziwe futhi onenkontileka yokwenza lokho, ehleleke ngandlela thile kodwa engenamkhawulo kulokhu.

“Umasipala” kusho uMasipala uMsunduzi.

“Umthetho” kusho, uMthethi Wezinhlalo Zomasipala: kuHulumeni Wendawo, uMthetho No. 32 wezi-2000.

“Isakhiwo/umhlaba” kusho, isakhiwo/umhlaba umasipala aqoqa kuwo njalo ngenyanga intela yezidingo azihlinzekayo.

2. Inhloso yale mithetho kamasipala

Ukuhlinzeka ngohlaka uMasipala azoqalisa ngalo ukuletha izidingongqangi emakhaya ahlwempu ngokwama-akhawunti abo kamasipala, ukuze kunqunywe izindlela ezizolandelwa ukuqoka lawo makhaya afanelekayo ukuba athiwe ahlwempu kanye nokuqinisekisa ukuthi izindlela okumele zilandelwe okukhulunywe ngazo emthethweni kamasipala wesi-4 zisetshenziswa ngokufanele nangendlela engenakwenzelela kubo bonke abafakizicelo.

3. Isinqumo somkhandlu maqondana nendlela yokuhlonza abahlwempu

Isamba semali engenayo ekhaya ngalinye ngaphambi kokubanjwa kwentela ukuze lifaneleke ukuba yikhaya elihlwempu elibhalisile kumele sinqunywe nguMkhandlu njalo ngonyaka ngokwentela kamasipala enqunywe ngokuhambisana nezihlinzekelo zesigaba 75A soMthetho.

4. Izindlela zokuhlunga isimo sabafanelekayo ukuthathwa ngokuthi bahlwempu

Ngaphandle kwamakhaya aphethwe yizingane, wonke amakhasimende afuna ukuthathwa ngokuthi ahlwempu kumele njalo ngonyaka afake isicelo esibhalwe phansi efomini elibekiwe nelivunywe yiSikhulu Esiphezulu Sezezimali futhi kube ukuthi iSikhulu Esiphezulu Sezezimali siyeneliseka ngalokhu okulandelayo:

- (a) Isamba semali engenayo ekhaya akumele seqe imali evunywa nguMkhandlu izikhathi ngezikhathi ngokuhambisana nezihlinzekelo zesigaba 3 sale mithetho kamasipala.
- (b) Ubungako besigubhu sikagesi esakhiweni akumele bube ngaphezu kwamandla kagesi angama-20 amperage
- (c) Umfakisicelo kumele abe yisakhamuzi saseNingizimu Afrika noma abe ngowokufika onemvume esemthethweni
- (d) Umfakisicelo akumele abe nezakhiwo ezibhaliswe egameni lakhe ezingaphezu kwesisodwa
- (e) Umfakisicelo kumele abe ngumhlali futhi abe ne-akhawunti ebhalisiwe kuMasipala
- (1) Ukunikezelwa kwelungelo lokuthathwa ngokuthi uhlwempu liyaphela njalo uma kuphela unyaka wezimali ngakho-ke abahlwempu kumele bavuselele izicelo zabo ungakadluli umhla zingama-31 kuNdasa minyaka yonke maqondana nalowo nyaka okusuke kukuwo.
- (2) ISikhulu Esiphezulu Sezezimali kumele siphothule isicelo ngasinye engakadluli umhla zingama-30 kunhlangulana minyaka yonke futhi kunesicelo somuntu ovela aziwa ngokuthi uhlwempu esingaphothuliwe ngalolu suku, isimo somfakisicelo sihlala sikhomba ukuthi uhlwempu kuze kube uyaziswa ngesinqumo seSikhulu Esiphezulu Sezezimali.
- (3) ISikhulu Esiphezulu Sezezimali singasedlulisa isicelo esesidlulelwe yisikhathi okukhulunywe ngaso esigatshaneni (2)
- (4) Ohlalayo kumbe oqashile njengalokhu kuchazwe kwiNqubomgomo Yomkhandlu Yokulawula Izikweletu, angafaka isicelo sokwaziwa ngokuthi uhlwempu maqondana nezidingo futhi uma ephumelela, umnikazi wesakhiwo nguye ozobhekana nazo zonke izindleki zobunikazi maqondana nentela kanye nemali okumele ikhokhwe.

5. Imihlomulo

Ukuphumelela kwabafakuzicelo kuzobenza bazuze le mihlomulo elandelayo maqondana nezinga lezidingo:

Ama-100% emali eyisisekelo okumele ikhokhwe kanye ne-MCB Charge kagesi ngenyanga endaweni ngayinye ohlinzekwa kuyo

Ama-100% emali eyisisekelo okumele ikhokhwe yamanzi ngenyanga endaweni ngayinye ahlinzekwa kuyo

Ama-100% emali okumele ikhokhwe ku-Scale 2 nyanga zonke yokuthuthwa kwendle emakhaya endaweni ngayinye okuhlinzekwa kuyo

Ama-100% emali okumele ikhokhwe yokuthuthwa kukadoti emakhaya nyanga zonke endaweni ngayinye okuhlinzekwa kuyo

ama-60kWh kagesi wamahhala

ama-6kℓ amanzi amahhala kuwo wonke amakhaya abhaliswe ngokuthi ahlwempu

6. Intela kamasipala yezakhiwo/yomhlaba

Ikhaya ngalinye elibhaliswe ngokuthi lihlwempu lingathola ukuxhaswa emalini yentela kamasipala yezakhiwo/yomhlaba njengalokhu kuhlinzekelwe kwisabelomali saminyaka yonke ngokuvuma koMkhandlu ngokuhambisana neNqubomgomo yawo yeNtela Kamasipala Yezakhiwo/yomhlaba.

7. Imindeni ehlwempu ehlala ezikhungweni zasebethathe umhlalaphansi, ezezintandane kanye nezabanokukhubazeka

Amakhasimende ahlwempu ahlala ezikhungweni zasebethathe umhlalaphansi, ezezintandane kanye nasezikhungweni zabanokukhubazeka anelungelo lokufaneleka ukuthola ukwelekelelwa nokwesekwa ngokwale nqubomgomo, kuye ngale mithetho kanye nezinqubo ezilandelayo:

- (1) Kuzoba semahlombe esigungu sabaphathi besikhungo esithintekayo ukufaka isicelo kumasipala sokuthi bathathwe ngokuthi bahlwempu maqondana nokusetshenziswa kwamanzi egameni labanikazi balezo zindlu abafanelekayo ngokwezindlela ezilandelwayo kanye nemibandela yokuhlunga.
- (2) Kuzoba semahlombe omnikazi ngamunye wendlu ukufaka isicelo kumasipala sokuthi athathwe ngokuthi uhlwempu maqondana nentela kamasipala yezakhiwo/yomhlaba kanye nezinye izimali okumele zikhokhelwe ezinye izidingo.

8. Ukushona komuntu ohlwempu

- (1) Uma kushone umuntu ohlwempu, indlalifa yakhe kumele ifake kabusha isicelo sokuthathwa ngokuthi ihlwempu ezinyangeni ezi-2 kushone umuntu ohlwempu obebhalisile.
- (2) Emva kokushona komuntu ohlwempu, ubunjalo besimo maqondana nokuba hlwempu buhlala bunjalo kusalindwe umphumela wesicelo esisha okukhulunywe ngaso esigatshaneni (1).
- (3) Uma izindlalifa zingakakhuli ngokweminyaka, iNkantolo Ephakeme ngokwamandla enawo okuba ngumbheki omkhulu wezingane ezingakakhuli ngokweminyaka kuyothi lapho kufakwa isicelo iqoke ozoba ngumbheki kumbe lapho kudingeka khona kube yiNkosi Yenkantolo efaka isicelo egameni lengane engakakhulu ngeminyaka.

9. Ukunqanyulwa koxhaso lwabahlwempu

Ukuxhaswa komuntu ohlwempu kunganqanyulwa ngaphansi kwezimo ezilandelayo:

- (1) Ukushona komnikazi we-akhawunti.
- (2) Uma kushintshwa ubunikazi besakhiwo okwakukhishwe igunya lobuhlwempu maqondana naso.
- (3) Uma isimo sezezimali siba ngcono emndenini ohlwempu ngokwemali engenayo njangalokhu kunqume uMkhandlu.
- (4) Lapho umfakisicelo eqambe amanga mayelana nesimo sakhe kumbe enikezele ngeminingwane engesilona iqiniso mayelana nesimo sobuhlwempu, kuzokwenzeka okulandelayo:
 - (a) Imali ayikweleta uMasipala izobalwa kabusha kusukela osukwini aqala ngalo ukuthathwa ngokuthi uhlwempu kubalwa kusetshenziswa uhlu oluvunyiwe lwentela kamasipala futhi kuzokhonjiswa.
 - (b) Yonke imali ekweletwayo izokhokhwa ngokushesha.
 - (c) Kuzolandelwa imigomo yokulawula izikweletu ngokweNqubomgomo yoMkhandlu Yokulawula Izikweletu.
 - (d) Umfakisicelo angeke akwazi ukufaka isicelo soxhaso lwabahlwempu isikhathi esiyiminyaka emibili.

10. Ukwedluliswa kwesikhalo

Nanoma ngubani onganelisekile ngokuthi isicelo sakhe sokuthathwa ngokuthi uHlwempu asizange siphumelele angadlulisela isikhalo sakhe kuMasipala ngokuhambisana nezihlinzekelo zesigaba 62 soMthetho Wezinhlalo Zomasipala, No. 32 wezi-2000.

11. Ukushicilelwa kwamagama abafakizicelo abafanelekayo

- (1) Umasipala uzoba nelungelo lokushicilela amagama abafakizicelo abavunyiwe ngokwezihlinzekelo ezifanele zoMthetho Wokuvikelwa

Kolwazi Lomuntu Ngqo, No. 4 wezi-2013 kanye neminye imithetho esebenzayo.

- (2) Ngokwezihlinzekelo ezifanele zoMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Lomuntu Ngqo kanye neminye imithetho esebenzayo, nanoma ngubani unelungelo lokuhlola noma ukucubungula irejista yabahlwempu asebevunyiwe.

12. Izimali ezisakweletwa okwamanje

Abafakizicelo, abanama-akhawunti kamasipala akweletayo ngesikhathi befaka izicelo zokuthathwa ngokuthi baHlwempu, kuzomele balandele izihlinzekelo zenqubomgomo yomkhandlu maqondana nokuqoqwa kanye nokukhokhwa kwezikweletu

13. Irejista

UMasipala uzocina irejista yamakhaya asevunyiwe ukuthi ahlwempu